**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesibili)**

**OCTOBER / NOVEMBER 2005**
**OKTOBER / NOVEMBER 2005**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 75**

---

**IMIYALO**:

- Leli phepha linezigaba ezintathu: A, B no-C.
- Isigaba A Umbuzo 1: Khetha uphendule umbuzo owodwa [Izinkondlo ezimbili – A no –B NOMA A no-D]
- Isigaba B Umbuzo 2: Uqukethe umbuzo omude oyingxoxo nombuzo omfishane. Khetha uphendule umbuzo owodwa: 2.1 NOMA 2.2
- Isigaba C Umbuzo 3: Uqukethe umbuzo omude oyingxoxo nombuzo omfishane. Khetha uphendule umbuzo owodwa: 3.1 NOMA 3.2
- Qaphela: Isigaba B no-C: Ohlolwayo uphoqelekile ukuphendula umbuzo owodwa kanje:-
- Uma uphendula umbuzo omude kusigaba B, uphoqelekile ukuphendula umbuzo omfishane kusigaba C.
- Uma uphendula umbuzo omfishane kusigaba C, uphoqelekile ukuphendula umbuzo omude kusigaba B.

---

ISIGABA A
**IZINKONDLO**

**UMBUZO 1**

***Imvubelo* – M.A. Maphumulo**

Phendula umbuzo owodwa kuphela kulesi sigaba.

1.1 Funda izingxenye zezinkondlo ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Isiqeshana A**

Baqhub' imbuzi bayadidizela bediyazela,
Umpongo lwezwi luyampompoloza lumpongoloza.
Kuqhuma esiletha umunyu isililo,
Kuqhuma nhlamba kuqhume nduku,
Kuqhume isililo kuqhume uhleko,
Bancinde encumbeni yegwebu lakho.

1.1.1 Sithini isihloko sale nkondlo? (1½)

1.1.2 Ukwenzenjani ukuqhuba imbuzi? (1)

1.1.3 Tomula imisho emibili noma amabinzana amagama [abe mabili] afumbethe izifengqo ezithize. Gagula izifengqo eziqukethwe yileyo misho noma amabinzana amagama owakhethile. (4)

1.1.4 Chaza ubunkondlo obuvezwa umugqa wesibili. (6)
**[12½]**

**Isiqeshana B**

Wawukhona qhawe leZulu
Mhla abakwaXhosa bezigwaza
Ngowabo umkhont' obukhali,
Becabang' ukuth' uzoshay' indida,
Waphashaka Muhlekazi wabahlek' usulu!
Bancind'uthi lomkhangala,
Hawu, Qhawe leNkosi kade ubona
Izinsambatheka zokungazi kwamhlaba.

1.1.5 Hlobo luni lwenkondlo lolu? (1½)

1.1.6 Yini umsebenzi walolu hlobo lwenkondlo? (1)

1.1.7 Iliphi leli qhawe leZulu okukhulunywa ngalo kule nkondlo? (1)

1.1.8 Chaza izisho ezilandelayo:

(a) Ukuzigwaza ngowabo. (2)

(b) Ukushaya indida. (2)

(c) Ukuhleka usulu. (2)

(d) Ukuncind' uthi lomkhangala. (2)

1.1.9 Tomula isifengqo esisetshenziswe emgqeni wokuqala. (1)
**[12½]**
**[25]**

**NOMA**

1.2 Funda izingxenye zezinkondlo bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Isiqeshana A**

Nqaba yami yokulinda,
Ngibong' ukucija owangipha khona,
Ngibong' amandla owangipha wona,
Ngibong' umusa owangingcwelisa ngawo;
Wangakha kwabus' eyakh' intando;
Namhla ngiqopha kuqopheke ngawe,
Namhla ngiqamba kuqambeke ngawe.

1.2.1 Iyiphi le Nqaba eshiwo imbongi? (1½)

1.2.2 Tomula izinhlobo ezimbili zokuxhumana [ezehlukene] ezitholakala kule nkondlo. (4)

1.2.3 Shono izinto ezimbili ezibongwa imbongi. (2)

1.2.4 Imbongi isebenzise izifengqo ezimbili kule nkondlo. Caphuna amagama athile azoveza lezo zifengqo, bese uyazigagula. (4)

1.2.5 Yini umongo wendikimba yale nkondlo? (1)
**[12½]**

**Isiqeshana B**

> Zafika lezo vuvu zamasuku
> Amathumb' ezipheth' aphothana.
> Inyama eyayiqinile kwasansimbi
> Yaluphala yabuna,
> Yafinyela gongo,
> Yathula,
> Yathul' ungothula yebuya.

1.2.6 Shono umqondo osobala wale nkondlo. (2½)

1.2.7 Tomula izinhlobo ezimbili ezehlukene zemvumelwano. (4)

1.2.8 Kusho ukuthini ukuthi:

(a) Yathul' ungothula yebuya? (2)

(b) Yisiphi isifengqo esiqukethwe yila magama angenhla? (2)

1.2.9 Ngiphe izifengqo ezisetshenziswa imbongi emigqeni 3 no-5. (2)
**[12½]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [25]**

ISIGABA B
**UMDLALO**

**UMBUZO 2**

***Ngiwafunge Amabomvu* – Molefe L.**

Phendula umbuzo owodwa: 2.1 NOMA 2.2

2.1 Funda iziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Isiqeshana A**

| | | |
|---|---|---|
| Mgidi | : | E, Majola niyenzenjani le <u>ndangala</u> okubikwe ukuthi ihlupha abantu bami laphaya esigodini saseMazebekweni? |
| Majola | : | Ndabezitha ngiphume nezinsizwa zami ezimbili safika sayivimbezela emhosheni sayishaya <u>ngempiselo ishoba lalala amazolo</u>. |
| Mgidi | : | Ngizocela ukuthi uthumele ilethwe lapha uMzwezwe azothatha izicwiyo zayo. Ngifuna umniniyo agijime ngejubane eze lapha ngizomkhombisa kahle ukuthi <u>abakhunkuli</u> ubaba wayebenzenjani. |
| Majola | : | Ndabezitha! |

2.1.1 Shono isikhundla sikaMgidi kule nkulumo-mpendulwano. (1½)

2.1.2 Ngiphe igama eligcizelela isikhundla sikaMgidi, elisetshenziswe kulesi siqeshana. (1)

2.1.3 Ungowakwabani uMgidi? Ngiphe isibongo nesithakazelo sakhe. (2)

2.1.4 Chaza ngombiko otholwe uMgidi. (2)

2.1.5 Phawula ngokwenziwe uMajola emva kokuthola umbiko okukhulunywa ngawo. (2)

2.1.6 Asho ukuthini amagama adwetshelwe?

(a) Indangala (1)

(b) Ngempiselo (1)

(c) Abakhunkuli (1)

(d) Ishoba lalala amazolo (1)

**[12½]**

**Isiqeshana B**

| | | |
|---|---|---|
| Mzwezwe | : | Icosha zona ezingekho kunoxhaka Ndabezitha. Kodwa Ndabezitha ... |
| Mgidi | : | *(Imngene olimini.)* Ulithathaphi iqiniso lalokho Mzwezwe, khuluma ngingaze ngivukwe wufehlane. |
| Mzwezwe | : | Ndabezitha, umdlunkulu unempelesi eyiso lawo. |
| Mgidi | : | Kuphume emlonyeni wempelesi lokho? |
| Mzwezwe | : | Uyihlabe esikhonkosini Ndabezitha. |
| Mgidi | : | Uphawu lokungabi nguhubhu kabhejane lukhona? |
| Mzwezwe | : | Ndabezitha, uMzwezwe uqobo lwakhe uyaye athande ukuzibonela ukuthi izitsha eziphuma kundlunkulu kazibuyi zisisitheka kuhle kwenkathi zisahanjiswa na. |

2.1.7 Yimuphi umsebenzi aphila ngawo uMzwezwe? (1½)

2.1.8 Ukuphi uMzwezwe njengoba ekhuluma lapha? Uzokwenzani lapho ekhona? (2)

2.1.9 Cacisa isaga esisetshenziswa uMzwezwe.

(a) Yini le ecosha zona ezingekho kunoxhaka? (1)

(b) Shono ukuthi yini ecoshwayo? (1)

(c) Uqonde ukuthini uMzwezwe ngalesi saga enkulumeni yakhe noMgidi? (2)

**Pheqa ikhasi**

2.1.10 Ulithathaphi uMzwezwe iqiniso eliqukethwe kulesi saga? (1)

2.1.11 Chaza lezi zimo zokukhuluma:

(a) Uyihlabe esikhonkosini. (1)

(b) Nguhubhu kabhejane. (1)

2.1.12 Shono igama likaNdlunkulu okukhulunywa ngaye lapha. (1)

2.1.13 Ngiphe igama lempelesi ebheke undlunkulu okuxoxwa ngaye. (1)
**[12½]**
**[25]**

**NOMA**

2.2 Ngamasiko aphoqa uThulisile ukuba agane uMgidi. Xoxa. **[25]**

ISIGABA C
**INOVELI**

**UMBUZO 3**

***Isigcawu senkantolo* – Masondo M.M.**

Phendula uhla lombuzo owodwa: 3.1 NOMA 3.2

3.1 Funda iziqeshana ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Isiqeshana A**

> Kwabonakala uZethu echiphiza izinyembezi. "Angazi ngingabonga ngithini ngalokho ongenzele khona namhlanje empilweni yami, Ngubane." Esho ekhala.

3.1.1 Ubongani uZethu kuNgubane? Chaza. (2)

3.1.2 Bakuphi oZethu noNgubane? (1½)

3.1.3 Ngiphe amagama abalingiswa abane (4) abakule ndawo ngaphandle kukaZethu noNgubane. (4)

3.1.4 Yini umsebenzi kaNgubane? (1)

3.1.5 Shono isamba semali uNgubane abongwa ngaso, usitshele nokuthi wabe ebongwa ngubani. (2)

3.1.6 Ubani igama lomunye umlingiswa owabongwa naye futhi njengoNgubane? (1)

3.1.7 Gagula isamba semali abongwa ngaso lo mlingiswa. (1)
**[12½]**

**Isiqeshana B**

> Esadla, abone owesifazane eza eqonde rgqo kuye. Athi lapho ephakamisa amehlo okwesibili, abone ukuthi uThandi lona oza kuye.
>
> Afike uThandi athathe ipheshana phezu kwetafula afunde bese eqala ukubiza ukudla. Akulethe uweta, bese eqala edla uThandi.

3.1.8 Sikuphi isizinda sale ngxoxo? (1½)

3.1.9 Ngubani lo othi esadla, abone owesifazane eza eqonda ngqo kuye? (1)

3.1.10 Uvela kuphi obona owesifazane? (2)

3.1.11 Phawula kafishane ngokwenzekile lapho evela khona. (2)

3.1.12 Yini inhloso yalo muntu obona owesifazane ukuba abe kule ndawo? Chaza. (4)

3.1.13 Ake ucacise umongo wengxoxo kaThandi nalo mlingiswa ngenkathi besetafuleni bedla. (2)
**[12½]**
**[25]**

**NOMA**

3.2 Xoxa ngomlingiswa uS'fiso njengeqhawe lale noveli. **[25]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [25]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 75**

**ISIPHETHO**